*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*ULara, umaqhulwane ophuzi*
Illustrated by Catherine Holtzhausen
Written by Martha Evans
Designed by Nadene Kriel
Edited by Ester Levinrad
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 5 March 2016.

ISBN: 978-1-928377-49-8

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.





ULara, umaqhulwane, wayeyibhungane elikhethekile. Wayengafani nabangani bakhe, enezimpiko eziphuzi ngokugqamile.



Bonke abanye babezithanda
izimpiko zakhe eziphuzi.

Njalo ekuseni, uVivi Vemvane
wayebingelela uLara, kanti uThwasi
Sithwalambiza wayevayiza ngesandla.



Ngisho noLwele Lwembu, ohlale ethukuthele, wayejabula ukumbona.

Esikoleni, uLara wayedlala nabangani abaningi.



Kodwa uLara wayefuna ukufana nabanye omaqhulwane. "Ngifisa sengathi ngabe nami benginezimpiko ezibomvu njengawe, Mama," kukhala yena.



Ngakho-ke ngolunye usuku unina kaLara wampenda izimpiko zakhe zaba bomvu tebhu.





Ngakusasa ekuseni akekho
owabingelela uLara
esendleleni eya esikoleni.



Futhi lapho efika esikoleni, akekho kubangani bakhe owambingelelayo.



ULara wahlala yedwa.

Akekho owayeqaphele izimpiko zakhe ezintsha ezibomvu waze wabonwa uNkz Miya owabe esethi, "Lara, uzipendile izimpiko zakho ezinhle eziphuzi!"





Ababefunda noLara ekilasini bethuka.

“Izimpiko zakho eziphuzi zikhethekile!”

“Zehlukile kwezinye!

Ziyimvelakancane!” kusho bona.

“Lara,” kwasho uNkz Miya, “izimpiko zakho eziphuzi yizona ezikwenza wena ube nguwena – njengebala likaSipho nemilenze kaSally.”





Esesekhaya, uLara wathatha isikhathi eside egeza, ezihwaya izimpiko zakhe ezisagolide zaze zacwebezela.



"Ngeke ngiphinde ngipende izimpiko zami!" ecabanga. "Ngaphandle mhlawumbe kokuba kanye noma kabili …"



"…ngizame umbala
obukhwebezane kancane
… okukanye into enhle nje.
Kodwa ngeke ngikwenzele
ingunaphakade, ngiyokwenzela
ukuzijabulisa nje."



